



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOMSHAYELI WONYAKA MHLAKA 26 AUGUST 2007.**

Nginyanibingelela nonke

- Ucwangingo olwenziwa ngo-2004 ngezimoto ezithinteka ezingozini lwaveza ukuthi amaloli amakhulu aneqhaza elingu-6,56% ekufeni kwabantu emigwaqeni yaseNingizimu Afrika. Omunye angathi yisibalo esincane lesi, kodwa ukulahleka komphofumulo owodwa ngukulahleka kweminingi.
- Izakhamizi zezwe lakithi zisaxakekile futhi zithukile ngezingozi ezisanda kwenzeka ezinye ezithinta izithuthi zomphakathi nezimoto ezinkulu.
- Ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiya ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.

- Lesi simo asimukeleki nhlobo, asikwazi ukuvunyelwa siqhubeke – sekwanele manje. Ngakho-ke ngikholwa ngukuthi izinhlelo ezifana nomncintiswano we-Driver of the Year zizokwenza ngcono amakhono okushayela izimoto ezinkulu kanye nokuphepha kwabashayeli bazo.
- Emizamweni yokunqanda loku kufa okuqhubekayo emigwaqeni yethu, sesiqinise ezokugcinwa komthetho ezindaweni zonke lapho senza imikhankaso enjenge “Operation Thath’Iskoroko”, ebhekene kakhulu namabhasi angekho esimweni.
- UMnyango wami uphinde uqinisekise ukuthi izindawo zokukala isisindo, ama-weighbridge, zisesimweni esifanele njalo. Izimo nesisindo esivumelekile ezimotweni ezihamba emgwaqeni womphakathi zilawulwa umthetho iRoad Traffic Act and Regulations ukubhekela ezokuphepha emgwaqeni nokutshalwa kwezimali jikelele.
- Nokho-ke, ngaphansi kwezimo ezithile kuyadingeka ukuthi kunikwe imvume izimoto noma imithwalo engeke ikwazi ukuhambisana nemigomo yeRoad Traffic Act and Regulations.
- Ezimweni ezinjalo umthetho ugunyaza iziphathimandla zomgwaqo ukuthi zikhiphe imvume ngaphansi kwemibandela ebekwe yiwo umthetho. Ngithi mangikusho lokhu ngoba ukulayisha ngokweqile kwamaloli kwenza umonakalo omkhulu kabi kwingqalasizinda yomgwaqo wethu. Ukufaka itiyela amgwaqeni oyimitha elilodwa nje kuphela kudla uMnyango ngaphezulu kuka-R4 mllion.

- Mangithathe leli thuba ngibongele futhi ngihalalisele bonke ababambe iqhaza kulo mncintiswano. Umncintiswano onjengalona uyabasiza nosomabhizinisi ngokuthi abashayeli babo bathole uqeqesho olwengeziwe. Phela abashayeli abanamakhono yibona abazokwazi ukuphephisa izimpilo zabantu futhi kwehle nezindleko zokulungiswa kwezimoto.
- Kuyajabulisa futhi ukuthi lo mncintiswano unesigaba esikhethekile somshayeli webhasi wesifazane yize futhi ungabashiyi ngaphandle abesifazane ekutheni bahlangane nabesilisa kwezinye izigaba.
- Kodwa ngithanda ukugcizelela ukuthi lo mncintiswano kudingeka ukwazi nokufundisa abashayeli ngezindlela zokuxhumana nabanye abantu nokubekezelelana emgwaqeni. Siyadinga ngempela ukuthi senze ngcono indlela esiziphatha ngayo emgwaqeni.
- Kumele siwuqede lo mqondo wokuthi abashayeli baseNingizimu Afrika abaziphathi kahle, kumele sikhombise ukuthi singabashayeli abahle abazikhathazayo ngokuphepha emgwaqeni.
- Nginxusa bonke abashayeli baKwaZulu-Natal ukuba baseseke njengohulumeni emizamweni yethu yokwehlisa izingozi zomgwaqo. Sengathi ningashayela kahle niphephe uma seniphindela emakhaya. Nisebenzise inombolo yethu yeMpimpa ethi 086 221 1010, nibike ngezigameko enizibona emgwaqeni.

Ngiyabonga